GAUTENG PROVINCE
EDUCATION
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

IPHEPHA LESIFUNDAZWE IBANGA LE-12

NHLANGULANA 2023

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

9 amakhasi

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo eyenza athole amamaki.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/ UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo eyenza athole amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   A. UKhethi/A (okuwuhlamvu oluphelele)

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

1.1
- Umkhakha wezempilo ✓
- Umkhakha wezemfundo. ✓
- Umkhakha wezolimo. ✓
- Imikhiqizo enhlobonhlobo. ✓

(Okubili kwalokhu.) (2)

1.2 Isizathu esenze ukuba abantu bangabe besaphila ngendlela ejwayelekile ukuthi sekufanele bathole njalo uhlelo lokunqanyulwa kukagesi kuzikhulu zikagesi. ✓✓ (2)

1.3 Okubonakala sekwenzeka emigwaqweni ngenxa yokunqanyulwa kogesi yikuthi kuba nojenga lwezimoto ngoba amarobhothi engasebenzi. ✓ Sekwabakhona nabantu asebelayela izimoto ukuba iziphi okufanele zedlule ukugwema ukushayisana bezenze amaphoyisa omgwaqo. ✓ Abanye abantu basuka emakhaya kuseluvivi noma sekuhlwile ukubalekela ujenga lwezimoto. ✓
(Okubili kwalokhu.) (2)

1.4 Okungumehluko ukuthi esigabeni sesi-4 kuthinteka izimpilo zabantu lapho odokotela bebahlinza ezibhedlela bese kunqamuka ugesi. Ngaleyo ndlela bayashona. ✓ Esigabeni sesi-5 kuthinteka imikhiqizo ezinkampanini eziningi ngisho nalezi esezizimele nezisafufusa bese abantu balahlekelwa imisebenzi ngenxa yokunqamuka kukagesi. ✓ (2)

1.5 C. Basebenze ngamandla kepha umphumela kawubonakali. ✓ (1)

1.6 Umbhali uhlose ukugqamisa ✓ izingqinamba ezilethwa ukunqanyulwa kukagesi kuyo yonke imikhakha esebenzisa ugesi ✓ nokuthi akukho esingakwenza ngoba kubonakala siphethwe yiwona ugesi. ✓ (3)

1.7 Ngokubona kwami kuningi okungenziwa ngokunqanyulwa kukagesi ngoba abantu bangawuyeka lo gesi basebenzise ezinye izindlela zokuthola ugesi njengokusebenzisa ugesi ophehlwa yilanga ngamaphaneli, ugesi ongumoya noma izimbawula ezibaswa ngamalahle kumbe izinkuni. ✓✓ (2)

1.8 Isitatimende esibhalwe ngokugqamile esithi ugesi lo inkosi okwangempela sisho ukuthi sibuswa noma silayelwa ugesi oyinkosi ngoba izimpilo zethu zingeqhubekele phambili ungekho ugesi. ✓✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa.) (2)

1.9 Ngiyazwelana nohulumeni ngoba kuyabonakala ukuthi yonke imizamo ayenzayo efana nokulwisana nobugebengu bokuntshontshwa kwezimali abaphathi bagesi noma ukumoshwa kweziqalazizinda akuphumeleli.

NOMA

Angizwelani nohulumeni ngoba yibona abaphathi abaphezulu ababonakala beqhuba ubugebengu obenzakalayo ngenxa yokunqanyulwa kukagesi bese bevika ngabantukazana abangenacala. ✓✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa.) (2)

1.10 Umyalezo odluliswayo:

Abantu badangele ngoba bebebheke ukuthi bazovuna ngokwenza okuthile okufana nokutshala kepha akubi njalo ngenxa yogesi onqanyulwa njalo. ✓✓ (2)

UMBHALO B (Obukwayo)

1.11 Okwenzakala esithombeni A ukuthi ugesi unqamukile nanoma ipulagi likhombisa ukuthi kukhanyisiwe. ✓ Kusetshenziswe ikhandlela ukuze kukhanye. ✓ (2)

1.12 Umphumela ongadalwa okwenzeka esithombeni B ukuba ingane ingozela ilale bese ikhandlela livuthe lize liphele okungadala ukusha kwayo ingane kanye nekhaya. ✓✓ (2)

1.13 Umqondo oqukethwe yile mibhalo yomibili iyefana ngoba kukhulunywa ngokunqamuka kukagesi okubanga izingqinamba zokushayisana kwezimoto. ✓✓ EMBHALWENI A isigaba sesi-3 kunojenga lwezimoto eziyalelwa ukuba zidlule nini ngozenza iphoyisa lomgwaqo ukubalekela ukushayisana kwezimoto. ✓ EMBHALWENI B isithombe C sekuvele ingozi yokuthi izimoto zishayisane kulimale abantu ngenxa yamarobhothi angasebenzi ebangelwa ukunqamuka kukagesi. ✓ (4)

1.14 Amazwi abhalwe ngokugqamile emgqeni wokugcina umbhali uwasebenzise kahle uma ethi ugesi lo uyinkosi yezwe okwangempela ngoba ugesi ulayela isizwe ngokuthi unqamuka ngesikhathi sawo, abantu balinde wona ukuba ubuye baqhubeke ngalokho ababekwenza. ✓✓ (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

UMBHALO C

AMAPHUZU ACASHUNIWE		AMAPHUZU OWABEKE NGAMAGAMA AKHO	
1	Ungaxhamazeli kepha yazi indawo lapho uzobalekela khona.	1	Ungatatazeli kodwa kufanele wazi lapho uzobalekela khona ukuze uphephe.
2	Lungisa isikhwanyana esincane esiphethe izinto ezibalulekile ozozidinga.	2	Kuhle ulungise isikhwama esincane esizofaka izinto ezisemqoka ongahle uzidinge.
3	Lalela umsakazo wangakini kanye nabaphathi mayelana nezexwayiso ngezinkathi zezikhukhula.	3	Beka indlebe kumsakazo wendawo kanye nezikhulu zendawo uma benixwayisa ngezikhukhula.
4	Kuyasiza ukuba nethoshi elisebenzayo kanye nomsakazo kuhlale kusebenza kahle	4	Ithoshi nomsakazo kuzokwelekelela yenza isiqiniseko sokuthi kusebenza kahle.
5	Vala ompompi bamanzi kanye nogesi okuhlinzeka ikhaya lakho.	5	Yenza isiqiniseko sokuthi ompompi kanye nogesi okusebenzisayo ekhaya lakho uyakuvala.
6	Ungalokothi uhambe udabule emanzini ahambayo.	6	Ungalinge unqamule emanzini agelezayo.
7	Shiya imoto ugijimele emhlabathini ophezudlwana kunawe	7	Ungahambi ngemoto kodwa okunalokho ubalekele emhlabathini ophakeme.

Ungatatazeli kodwa kufanele wazi lapho uzobalekela khona ukuze uphephe. Kuhle ulungise isikhwama esincane esizofaka izinto ezisemqoka ongahle uzidinge. Beka indlebe kumsakazo wendawo kanye nezikhulu zendawo uma benixwayisa ngezikhukhula. Ithoshi nomsakazo kuzokwelekelela yenza isiqiniseko sokuthi kusebenza kahle. Yenza isiqiniseko sokuthi ompompi kanye nogesi okusebenzisayo ekhaya lakho uyakuvala. Ungalinge unqamule emanzini agelezayo. Ungahambi ngemoto kodwa okunalokho ubalekele emhlabathini ophakeme.

[Inani lamagama – 56]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

GAUTENG PROVINCE
EDUCATION
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Indlela yokumaka ukufingqa

Ukumaka lo mbuzo wokufingqa kweyeme ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.
Iphuzu elifingqiwe kumele limakwe ngale ndlela.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
  - 1 – 3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4 – 5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6 – 7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
  - 6 – 7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 4 – 5 acashuniwe, nikeza imaki eli-1 lolimi.
  - 2 – 3 acashuniwe, nikeza amamaki ama-2 olimi.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenziswe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe, kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

QAPHELA: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

INDLELA YOKUMAKA:

- Isipelingi:
  - Impendulo eyigama elilodwa mayinikezwe iphuzu noma ngabe isipelingi sinamaphutha, ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wempendulo.
  - Uma impendulo idinga umusho ophelele, umfundi akanikwa imaki uma impendulo yakhe inamaphutha ezakhiweni zolimi okubuzwe ngalo.
  - Lapho kubuzwe khona isifinyezo, impendulo mayibe nezimpawu zokuloba ezifanelekile.
    Isb. Umnumzane – Mnu.
- Izakhiwo zemisho mazibhalwe ngokufanelekile kulandelwa uhlelo nezakhiwo zolimi futhi zibhalwe zibe imisho ephelele/ngokomyalelo onikeziwe.
- Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje:
  C/Imizuzwana engama-60 (okuwuhlamvu oluphelele)

3.1 Lesi sikhangisi sibhekiswe kubazali abangathanda izingane zabo zithole imfundo elula zisebenzisa iWI-FI. ✓ (1)

3.2 Isizathu sokuba umbhali asebenzise isithombe sengane ebukeka ijabule ukugqugquzela abazali ukuba batholele izingane zabo imfundo elula ngeWI-FI engakhokhelwa ukuze nezabo zijabule. ✓✓ (2)

3.3 Igama WI-FI ibhalwe ngefonti ehlukile ukugqamisa igama lenkampani ephana nge-WI-FI yamahhala. ✓✓ (2)

3.4 B. Ulimi olukhohlisayo. ✓ (1)

3.5 Kulesi sithombe kuphoqwa abazali ukuba batholele izingane zabo isikole esihlinzeka ngemfundo ekhululekile. ✓✓ (2)

3.6 Kulesi sithombe kukhangiswa ngesikole esihlinzeka ngemfundo ekhululekile lapho izingane zifundela ngaphandle ✓. Lokhu kuyahambisana nokuthi uma izingane zifundela ngaphandle lapho kushaya umoya, zingengenwe izifo ezingazithola lapho zivaleleke egunjini nezinye izingane. ✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)
[10]

UMBUZO 4: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

4.1 Okukhombisa ukuthi ingane ayiphathekile kahle ukuthi iyakhala ✓ ifuna ukuhluthula kumama ngoba eyibambile. ✓ (2)

4.2 Imigqa ezungeze ubaba ichaza ukuthi ugibele ibhayisikili elihamba ngesivinini esikhulu. ✓✓ (2)

4.3 Sinikeza umqondo wento ezokwenzeka. ✓✓ (2)

4.4 Umama uveza umuzwa wokukhathazeka ngoba ubaba ubengafanele ukuthatha alisebenzise ibhayisikili lengane ngoba lincane kuyena kanti nengane iyalikhalela ngoba ngelayo. (2)

NOMA

Umama uveza umuzwa wokukhathazeka ngoba ubaba ubefanele ukulithatha alisebenzise ibhayisikili lengane ngoba uphethiloli ukhuphukile kuyabonakala ukuthi akanayo imali kaphethiloli. Ngalokho yilona elizomfikisa lapho eya khona. ✓✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)

4.5 Umdwebi wale khathuni wedlulisa umyalezo wokuthi uma intengo kaphethiloli ikhuphuka, abantu bangenza nanoma yini ukuze bakwazi ukufinyelela lapho beya khona ngisho nokusebenzisa ibhayisikili elincane lengane. ✓✓ (2)
[10]

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

5.1 Siveza umqondo wokwenziwa. ✓✓ (2)

5.2 Lisho umuntu othanda ukubukwa njalo. ✓ (1)

5.3 Umnini moto wakhombisa ukujabula. ✓✓ (2)

5.4 C/Imali ✓ (1)

5.5 Umakhelwane wami uthanda ukubiza inyanga emzini wakhe ngoba ethi uyathakathwa. ✓✓
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa) (2)

5.6
- Ngakusasa kwavukwa kwayiwa khona esontweni. ✓
- Umfundisi ayibusise imoto. ✓ (2)

[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30

AMAMAKI ESEWONKE: 70